

I-EDENI LIKASATHANE



Kasikhothameni.

Nkulunkulu Othandekayo, silokubonga Kuwe lobubusuku ngalelithuba elihle, ukubuya njalo eBizweni leNkosi uJesu, ukuhlangana lesitha sethu, isitha Sakho, phandle lapha enkundleni yempi, ngeLizwi, ukumxotsha phakathi kwabantu Bakho, ukuze babone, lobubusuku, Nkosi, ukuKhanya kweVangeli. Ngiyakhuleka ukuthi Ugcobe amehlo ethu ngomuthi wamehlo, ukuze avulwe eQinisweni, ukuthi sisuke lapha, sisithi ngaphakathi kwenhliziyo zethu, “Kazizange zivuthe na inhliziyo zethu ngaphakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni?” Silisa abagulayo labahluphekileyo. Khuthaza abadanileyo. Phakamisa izandla ezibuthakathaka lezo ezake zalenga phansi. Masikhangele ekuBuyeni kweNkosi uJesu, lokho esikholwa ukuthi sekufikile. Sicela lokhu eBizweni likaJesu. Ameni.

Lingahlala phansi.

² Ngizazama ukuthatha isikhathi esifitshane lobubusuku, ngoba ngiyazi abanengi bavela endaweni ezitshiyeneyo zelizwe, uku. . . belande inkonzo, kumbe bahlalile, abanye benu, futhi kufanele libuyele, okungaba mhlawumbe okungaba ngumango ukubuyela. Futhi ngiyalibonga. Lokhu kusa bengifuna ukuzwa uMfowethu Neville, sibusisi. Futhi ngamuzwa izikhathi ezinengi, futhi kangikaze ngimuzwe loba yisiphi isikhathi ngaphandle kokumthakazelela. Kodwa lokhu kusa, lowombiko oze ngesikhathi esifaneleyo, ngiyazi ukuthi bengilokukhokhela kweNkosi ukulalela kulokho lokhu kusa. Kuhle sibili! Futhi ngiyabona kungani lina bantu lithanda ukubuya lokumlalela, njalo. Futhi uzahlala elenzela kuhle, ngileqiniso, ukumlalela.

³ Bengizama ukuba ngiqedise ezinye zengxoxiswano zami lamuhla, lokhu kusa lakulimini. Ngilokhu ngisaselezinengi, ezinengi, ezinengi ukuya kizo. Futhi ngi. . .

⁴ Njengoba, ngikhulwa, kwakunguJethro owatshela uMose ngesinye isikhathi, wathi, “Kukwandlelele kakhulu.” Ngakho, silabafowethu abanengi lapha ezinhlutshweni zenu. Futhi zonke zazo zifanele, futhi yizinto ezinhle ezifanele ukuba zinakekelwe. Futhi ngiyancoma umalusi wethu, kumbe uMfowethu Mann, labanye abatshumayeli boKholo lwethu lapha. Lingahamba kibo. Bazalitshela yona kanye into yokwenza; Abanye abantu, abantwana babo, betshada ngaphandle, kumbe izinto ezingalunganga. Futhi amadoda lawa angalisiza ngokufanayo nje—njengaloba ngubani omunye, ngoba bazinceku zikaKhristu. Futhi liyekibo, futhi ngileqiniso baza—bazalinika usizo eliludingayo. Angeke ngifike kubo bonke. Banengi, yonke

indawo oya khona. Zilokhe nje zibutheleleka zisibazinengi lokubazinengi, uyabona. Futhi—futhi ufuna ukufika komunye wabo bonke, kodwa awungeke ukwenze. Kodwa ngiqhubeka ngikhuleka ukuthi uNkulunkulu, ngezinye indlela, uzakwenza kuphume kuhle esenzela lina.

⁵ Manje, lobubusuku, sifuna ukuya eMbhhalweni, futhi sibale isabelo soMbhhalo esivela kuGenesisi, isahluko 3; futhi sikhombele emuva kancinyane kwezinye izinto ebesikade sikhuluma ngazo, ezikhathini ezedluleyo, futhi sibone nxa iNkosi uJesu ingasinika okunengi kancinyane kulokhu esingabakwazi lapho siphuma phandle. Ngiyakhuleka—khuleka ukuthi Uzakwenza.

Manje inyoka yayilobuqili-ke kakhulu kulayo yonke inyamazana yeganga eyayiyenzile iNkosi uNkulunkulu. Futhi yasisithi emfazini: Yebo, uNkulunkulu watsho yini ukuthi, Kumele lingadli kuso sonke isihlahla sesivande?

Futhi umfazi wasesithi enyokeni: Singadla okwesithelo sezihlahla zesivande:

Kodwa okwesithelo sesihlahla esiphakathi kwesivande, uNkulunkulu wathi: Lingadli kuso, njalo lingasithinti, hlezi life.

Futhi inyoka yathi emfazini, Kalisoze life ngempela:

Ngoba uNkulunkulu uyazi ukuthi mhla lisidla kuso, amehlo enu azavuleka, njalo libe njengabonkulunkulu, lisazi okuhle lokubi.

Futhi lapho umfazi ebona-ke ukuthi isihlahla silungile ukuba yikudla, lokuthi sona siyabukeka emehlweni, lesihlahla sikhwabitheka ukwenza umuntu ahlakani phe, wathatha okwesithelo saso, wadla; wasenika lendoda yakhe kanye laye, yasisidla.

Futhi asevuleka amehlo abo bobabili, basebesazi ukuthi babenqunu; basebethungela ndawonye amahlamvu omkhiwa, bazenzela amafasikoti.

⁶ Makuthi iNkosi ingezelele i... Izibusiso Zayo ekubalweni kweLizwi Layo. Manje ngizathanda ukuthatha isihloko lobubusuku, sivela kulokho, futhi ngisibize: *I-Edeni LikaSathane*. Yinto encinyane ewomileyo ukuyikhuluma, i, *Edeni likaSathane*. Kungathi kuyahambelana, kobunye ubusuku bangeSonto, ngiyakholwa, lapho ngikhuluma kini lapha mayelana *NgeSefa YoMuntu Ocabangayo*, lokunambitha komuntu ongwele.

⁷ Futhi kwezinye izikhathi lezi izichasiselo ezincinyane ezomileyo zisiletha kweyinye into; ziyasingenisa ukuba sitaditshe, futhi zikufake ekubaleni iLizwi. Futhi yikho lokho engifuna ukuba ibandla lami lonke likwenze. “Umuntu akayi

kuphila ngesinkwa kuphela, kodwa ngeLizwi lonke eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Ngakho, bala iLizwi; liTaditshe. Futhi uliTaditshe ngamehlo kaNkulunkulu, ukunika ukuzwisisa ingqondo zakho ukuthi kufanele siphile kanjani kulolusuku lwalamuhla.

⁸ Manje ukubuya phansi, lobubusuku, ukukhuluma nje kini, ukuthi, “Awu, ngingenza *lokhu* kumbe *lokho*, . . .”

⁹ Ngithanda ukukhuluma labantu, kangangokuba ngingathanda ukuya ngekhaya lomunye lamunye wenu lobubusuku. Ngi. . . UNkulunkulu uyakwazi lelo liqiniso. Ngingathanda ukuya ngekhaya lomunye wenu, futhi—futhi ngidle—ngidle ukudla kwekuseni lani ekuseni, futhi—futhi—futhi ngiphume futhi ngizingele osinti kanye lani kusasa emini, bona. Ngi—ngingathanda ukwenza lokho, kodwa a—angeke ngikwenze lokho. Futhi ngingathanda ukuya ngekhaya futhi ngihlale phansi nje futhi ngikhulume lani; ngihlale evarandini emva kwenkonzo, futhi ngikhulume lani okwesikhatshana, ngikhulume lani ngenhlalakahle yenu langoNkulunkulu. Ngingathanda ukukwenza lokho. Madoda labafazi phakathi lapha; uNkulunkulu uyakwazi ngingathanda ukukwenza lokho, kodwa angeke ngikwenze. Bona, kulokudonsa okukhona nje okunjalo—okunjalo lomthwalo.

¹⁰ Futhi—futhi kulesi isikhathi somqino esiphila kuso. . . Futhi ngingumuntu olomnqino, sibisami. Lamuhla ngilengqondo yami izimisele ulutho, “Kumele nje ngikwenze,” futhi kusasa ngamamayila ayizigidi khatshana lami; enye into isiqume phakathi futhi yenza *lokhu lalokho*. Futhi uba lesikhathi sibili, uzama ukuzibuthanisa.

¹¹ Kodwa impumela yami enkulu yikutshumayela iVangeli ngeBandla, futhi ngenze konke engikwenelisayo ukuletha udumo kuJesu Khristu kulolu usuku, lapho ngisaselapha emhlabeni, futhi lesikhathi engilaso esiseleyo emhlabeni. Ngibuya uku—ukuzama ukukhuluma enye into kini engalisiza; enye into. Ngataditsha emva kokuya ngekhaya lokhu kusa. “Kuyini engingakutsho lobubusuku, Nkosi, lokho okungasiza labobantu?”

¹² Ngilalele lowombiko olamandla lokhu kusa ngo. . . UMfowethu Neville asilethele wona, mayelana. . . Ngacabanga ukuthi kwakukuhle kakhulu, ukuthi watsho kanjani lapho, “Udokotela uyahlola umkhuhlane; kodwa umuntu obuya elepani igcwele inaliti, unika ijekiseni.” Ngakho ngacabanga leso kwakuyisitsho esincinyane sibili e—esihle ngokuqotho. Ngacabanga ngalokho, “umuthi, emuva kokuba umkhuhlane usuhloliwe.” Ngakho leyo yinto enhle sibili.

¹³ Bengifuna ukukhuluma lani ngeyinye into, ukuletha enye into ukulikhanyisela isithembiso sikaNkulunkulu salesi isikhathi. Bona? Enye into, hatshi enye into leyo omunye

umuntu ayeyiyo ngolunye usuku, kodwa enye into...futhi lapho...Lezo izinto zilungile; sonke siyakhombela kulezo zinto. Kodwa ngicabange ukuthi ngingazama ukuletha enye into engqondweni yenu, kanye laliMibhalo engiyibhalileyo lapha, engalikhanyisela, ukwazi, kulenze libe lisotsha elingcono enkundleni elilwela kiyo manje; ukufunda amaqhinga esitha, ukuze lenqabele yonke into ingakafiki kini, bona. Yiyo into enkulu, yikufunda ukuvika i—izibhakela zingafiki kuwe, ngakho konke ongakwenelisa.

¹⁴ Manje, kasikhangeleni manje kulokhu okukhulu... okwemizuzu emilutshwane, lolu olukhulu, usuku olugcweke isono esiphila kuso. Angikholwa ukuthi kwake kwabalosuku engake ngalubala embalini...Kubelensuku ezinkulu zokuhlutshwa, lapho abantwana bakaNkulunkulu babulawa nhlangothi zonke. Kodwa ukubona ukukhohlisa kwesitha, asikaze sibe losuku olunjengalolu esiluphilayo manje. Lusuku olulamaqhinga, lokukhohlisa okwedlula konke. Futhi lapho ngibona lokho, kuletha lokhu, ukuthi, umKhristu kumele abe semazwaneni akhe lamuhla ukwedlula ake wabayikho kuloba yisiphi isikhathi.

¹⁵ Manje, emuva ezinsukwini zokuhlukuluzwa, zeRoma, eBandleni, umKhristu angenza iphutha, wayengena enkundleni yemidlalo futhi wayephoselwa ezilwaneni, kumbe enye into enjalo, lapho bemthola engumKhristu ngobufakazi bakhe. Kodwa umphefumulo wakhe wawusindisiwe, ngoba wayengelimsulwa, ikholwa elingangcoliswanga kuNkulunkulu, futhi ngokuthokoza wayeqinisa ubufakazi bakhe ngegazi lakhe. Lapho imithambo ikhululeka, kumbe izikhala elumbeneni wakhe, futhi igazi lisopha, wayememeza, ngokholo oluthembekileyo, futhi athi, “Yamukela umoya wami, Nkosi Jesu!”

¹⁶ Kodwa, manje, ubuqili bukadeveli manje, kwenza abantu bakholwe ukuthi bangamaKhristu lapho bengeyisiwo. Nanso into. Akudingi ukuthi uqinise...Ku—kulusuku lobuqili ukwedlula olwalungaba yilo, ukwedlula lapho owawumele uqinise impilo yakho—yakho ngobufakazi bakho. Udeveli usebeke wonke umjibila wobuqili angabenelisa, uku... Ungumkhohlisi. Futhi uJesu wasitshela, kuMathewu 24, ukuthi usuku lolu luzakuba njani esiphila kulo, usuku olukhohlisa ukwedlula olwake lwaphilwa, “kuseduze kakhulu okokuthi kungakhohlisa oKhethiweyo uqobo kaNkulunkulu nxa kwakusenzeka kuye ukuthi akhohliswe.”

¹⁷ Manje kasiqathaniseni iMibhalo, kumbe iziprofetho ezikhulunywa ngazo eBhayibhilini, okwalamuhla, futhi sikuqathanise ngosuku esiphila kulo manje.

¹⁸ KuThimothi wesiBili 3, sifunda lokhu, ukuthi umprofethi wathi, ukuthi, “Kuzakwenzakala kulezi insuku, ukuthi abantu

bazakuba ngabalamawala, abazikhukhumezayo, abathanda intokozo kulokuthanda uNkulunkulu.” Qathanisa lokho manje, okwesikhatshana nje. Asisoze...Sizakufinqeza nje, ngoba asilaso isikhathi esingako ukungena kikho konke ngendlela esifanele sikuthathe ngakho; kodwa nje ukukukhanyisa, ukuze likubone lapho lifika ngekhaya futhi likutaditshe. “Abalamakhanda awomileyo, abazikhukhumezayo, abathanda intokozo kulokuthanda uNkulunkulu; abephula izivumelwano, abamangalela abanye ngamanga, abangasuthisekiyo, abeyisa abenza okuhle.” “Manje uMoya wakhuluma ngokucacileyo ukuthi izinto lezi zizabe zisensukwini zokucina.” Yizo lezi insuku, isiprofethi sikhuluma kukho.

¹⁹ Manje siyabala, njalo, kuSambulo...14, iSambulo 3:14, bengisitsho, iSikhathi seBandla leLawodikeya, ukuthi ibandla lizakuba linjani kulolusuku lokucina. Futhi kuzakuba njalo, Lithi, “Lizakuhlala njengomfelokazi lingabi lesidingo solutho. La—lalinohile, futhi landile ngempahla, futhi bengakwazi ukuthi babengabayanga, abahawulayo, abahluphekayo, iziphofu, labanqunu futhi bengakwazi.” I...Manje, khumbula, Ukhuluma ebandleni lalesisikhathi, “elihluphekayo, eliyisiphofu, elinqunu, futhi lingakwazi.” Lesositsho sokucina, leloLizwi lokucina, yilo elikwenza kwethuse kakhulu. Bacabanga ukuthi bagcwaliswe kahle ngoMoya, bonke balungele. ISikhathi seBandla leLawodikeya yiSikhathi seBandla lePhentekhosti, ngoba kuyisikhathi sebandla lokucina. ULuther wayelombiko wakhe; uWesley wayelombiko wakhe; futhi iPhentekhosti yayilombiko wayo.

²⁰ Njalo, Lona lathi, ukuthi, “Ngoba ubuthukuthuku, futhi awutshisi njalo awuqandi,” amadlabuzane ahandle, umcabango wengqondo yeVangeli; “ngoba,” Wathi, “uyileyondlela, ngizakukukhafula emlonyeni Wami.” Ngamanye amazwi, kwamenza Wagula ukubona ibandla likulesosimo.

²¹ Futhi, khumbula, baMkhafulela phandle; futhi Wayengaphandle kwebandla, ezama ukubuyela ngaphakathi, kulesoSikhathi seBandla leLawodikeya esibi.

²² Unkulunkulu walumhlaba lamuhla, umuntu okhonzwayo walumhlaba lamuhla, nguSathane. Futhi abantu abakwazi ukuthi bakhonza uSathane, kodwa nguSathane elingisa sibusakhe ibandla, bona, njengebandla. Bakhonza uSathane, becabanga ukuthi bakhonza uNkulunkulu ngebandla, kodwa yindlela uSathane ayenze ngayo.

“O,” uthi, “kodwa mana okomzuzu; sitshumayela iLizwi.”

²³ Khangela emuva lapha esifundweni sami, lobubusuku. USathane nguye owatshumayela iLizwi kuEva, kuqala, “UNkulunkulu utshilo,” bona.

²⁴ Kuyilokho kuchasisa okungayisikho leyongxenywe yoMbhalo eqondane losuku. Uzakwazisa ukuthi konke uJesu akwenzayo

kwakukahle ngokupheleleyo. Uzakwazisa ukuthi konke uMose akwenzayo kwakukahle ngokupheleleyo. Kodwa lapho uthatha izithembiso Abazinikezayo ezalesisikhathi, khona-ke Lokho kwabalelwa kwesinye isikhathi. Yikho kuphela nje angakwenza, liyabona, yikwenza abantu baKukholwe ngaleyondlela, futhi yikho—yikho kuphela. Ngoba, “Awungeke ususe iLizwi elilodwa Kikho, kumbe ungezelele ilizwi elilodwa Kikho.” Kodwa yikho lokho akwenzayo.

²⁵ Abantu, bekhonza uSathane bengazi, becabanga ukuthi bakhonza uNkulunkulu, njengoba sixwayiswa yisiprofethi, kwabaseThesalonika beSibili, ukuthi...Asibaleni nje lokho, AbaseThesalonika beSibili, isahluko 2. Asikuthatheni nje isikhatshana, nxa ngingenelisa, khona manje, Ngizathanda ukubala lokho. Nje, ngiyakholwa, abaseThesalonika besiBili, ngiloMbhala lapha, futhi ngithi:

Manje siyalincenga-ke, bazalwane, mayelana ngokufika kweNkosi uJesu...futhi lokubuthana kwethu kuyo,

²⁶ Manje, bona, “ukubuya kweNkosi, lokubuthana Kuye,” njengoba uNkulunkulu ezakubuthanisa abantu Bakhe Kuye ensukwini zokucina. “Ukubuthana kwabantu eNkosini,” hatshi ebandleni, “eNkosini; ukubuthana ndawonye Kuye.”

Ukuthi lingaphangisi likhathazeke engqondweni yenu, kumbe...lethuswe—lethuswe, loba ngomoya, loba...yilizwi, loba yincwadi ngokungathi ivela kithi, ngokungathi...usuku lweNkosi selufikile.

Kakungabi lamuntu olikhohlisayo langayiphi indlela: ngoba lolosuku aluyikufika, ngaphandle kokuthi ukuhlubuka kufike kuqala, lomuntu wesono (“umuntu wesono,” khangela lokho ayikho manje), indoda yesono yambulwe, indodana yokubhujiswa, (lowo kwakunguJudasi, bona);

Lowo omelana futhi azikhukhumeze phezu kwakho konke okuthiwa nguNkulunkulu, loba yinto ekhonzwayo; aze ahlale ethempelini likaNkulunkulu njengoNkulunkulu, ezitshengisa ukuthi unguNkulunkulu.

²⁷ Lokho kukhohlisa kwebandla lalamuhla! Bona, “indodana yokulahlwa,” udeveli. “Indodana yokulahlwa,” udeveli. Khona-ke, abantu bekhonza uSathane kulolusuku, becabanga ukuthi bakhonza uNkulunkulu. Kodwa bamkhonza ngesivumankolo, inhlanganiso zamasono ezenziwe ngumuntu futhi lezivumankolo lokho kulethe abantu khona phansi enkohlisweni enkulukazi umhlaba ongakaze ubeyazi. Kungelandaba ukuthi kanganani iLizwi likaNkulunkulu, elithenjisiweyo okwalolusuku, litshunyayelwa futhi liqiniswa, kunjalo bayabe belokhu bengaKukholwa. Abasoze baKukholwe.

28 Khona-ke kungani? Siyamangala ukuthi kungani. Kungani kunga...kungani bengaKukholwa? Lapho uNkulunkulu wathi Uzakwenza into ethile, futhi Uyayenza, Futhi kunjalo bayakufulathela futhi basuke kukho. NjengoEva wazi nje lokho okwatshiwo nguNkulunkulu, uNkulunkulu ayezakwenza; kodwa wakufulathela, ukulalela kulokho ayezakutsho.

29 Khumbula nje, kwezinye izikhathi, kuhlezi kuyinto efanayo. Esikhathini sonke, kuhlezi kuyikuthi uSathane uyazama ukuphambukisa leloLizwi kibo, ukubenza babone esinye isikhathi esithile.

30 Khangela, lapho uJesu esiza, bona, uSathane wayekulelo qembu labafundisi bamaJuda, laborabi labapristi, ezama ukubatshela ukuthi bagcine umthetho kaMose, lapho iLizwi uqobo elifanayo lakhuluma ukuthi ngalolosuku iNdodana yomuntu izakwambulwa, bona, ukuthi Wayezakuzembula Sibisakhe. Ngakho babezama, ingqe kuphela wabagcina bengabenkolo, futhi emthethweni kaMose...Bona lokho akwenzayo? Wayezama ukubatshela, "Leyo ngxenye yeLizwi iqondile khona kanye, kodwa liNdoda kayisuye lowoMuntu." Liyabona na ukuthi uyakhohlisa okunganani ayikho? Yilo lolosuku sibili lwenkohliso.

31 Kwake kwabakhona, futhi manje sekukhona, uSathane emisa umbuso wakhe emhlabeni. Yikho kanye kungani ekwenza, ngoba ufuna ukumisa umbuso wakhe uqobo.

32 Njengo somabhezimusi, ongasuye mKhristu, uzakwenza iqhinga lonke angalenza ukukwenza ubone enye into ngendlela engayisiyo. Nxa ele—elenjongo futhi inzuzo eqondene laye ekukwenzeni ukuba wenze lokho, ekwenze ukuba ukubone ngaleyondlela, uzakutshengisa yonke into angayenza, futhi akuhlalise kude leqiniso lakho, ngoba uyazizwela kuphela sibisakhe. Kungelandaba ukuthi uqamba amanga kangakanani futhi aqile, loba lani okunye, ulenzuzo eqondane laye.

33 Futhi yiso isizatho uSathane enze lokhu. Futhi usebenze ngenkonzo ukukwenza, njengoNkulunkulu wathembisa ukuthi uzakwenza. Manje, waqala ngenkohliso yenkolo eEdeni, futhi waqhubeka kusukela lapho.

34 Hatshi ngokubekwa kweqembu lamakhomanisi. Amakhomanisi awalani lalokhu. Kulibandla, yikho lapho okumele ukhangele khona, bona. Akusikho i—akusikho amakhomanisi abangakhohlisa abaKhethiweyo uqobo. Libandla elizakhohlisa bona abaKhethiweyo uqobo, bona. Akusiwo amakhomanisi; siyakwazi bayaphika uNkulunkulu, njalo bangumphikukhristu, sibili banguye, ngesimiso, kodwa kabasuye umphikukhristu. Umphikukhristu ungowenkolo, ungowenkolo sibili, futhi engacaphuna uMbhalo, futhi aWenze ukhangeleke sobala kakhulu.

³⁵ Njengalokho uSathane akwenzayo emuva-le ekuqaleni, wacaphuna yonke into khona phansi, “UNkulunkulu uthe, ‘Ungadli kuso sonke isihlahla sesivande.’” Bona, waWucaphuna kakuhle.

³⁶ Wathi, “Yebo, singadla zonke izihlahla zesivande, kodwa kulesihlahla phakathi kwesivande uNkulunkulu athe singadli kuso, ngitsho lokusithinta; ngoba, ngosuku sikwenza, lolosuku sizakufa.”

³⁷ Wathi, “O, sibili kaliyi kufa. Kodwa wothi ngikunike isizatho kungani uNkulunkulu wakhuluma lokhu, kungenxa yokuthi...” Bona, yena manje ini? Wacaphuna leliQiniso, uyabona. Wathi, “Kuzakuvula amehlo akho, futhi kuzakwenza wazi okuhle lokubi. Uzakuba njengoNkulunkulu lapho-ke, nxa ungakwenza.”

³⁸ Yikho nje lokho afuna ukukwenza, futhi yiyo into efanayo azama ukuyenza lamuhla. Bekulokukhohlisa kwenkolo kusukela ekuqaleni sibili e-Edeni, futhi kube khona selokhu kwabanjalo. Ngesikhathi sikaAdamu, kwakuyikukhohlisa. Ngesikhathi sikaNowa, kwakuyikukhohlisa. Ngesikhathi sikaJesu, kwakufana. Futhi manje kuyafanana, indlela efanayo, ukukhohlisa kwenkolo!

³⁹ Manje, sizananzelela umhlaba, lapho uNkulunkulu ewubusa. Manje, lapho uNkulunkulu ekulawula...elawo ngapansi kokulawula Kwakhe. Khona-ke, lapho uSathane ethumba, ngokulahla iLizwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu ngesinye isikhathi wayelomhlaba ngaphansi kokulawula Kwakhe. Wawubeka ekuzungezeni kwawo. Wawubeka, wakwenza kwasebenza. Wenza konke, wayelawo ekulawuleni Kwakhe. Manje sizakuqathanisa lokho langemuva uSathane ewuthatha ekulawuleni kwakhe.

⁴⁰ Manje, kwathatha uNkulunkulu iminyaka eyinkulungwane eziyisithupha. Akuzange kuMthathe okude kangako, kodwa Wathatha isikhathi eside kangako. Iminyaka eyinkulungwane eziyisithupha, ngoba siyafundiswa ukuthi “usuku olulodwa eZulwini yiminyaka eyinkulungwane emhlabeni,” futhi kwakuyiminyaka eyinkulungwane eziyisithupha, kumbe insuku eziyisithupha uNkulunkulu akha ngazo umhlaba. Manje, kwathatha uNkulunkulu iminyaka eyinkulungwane eziyisithupha ukuwumisa, wawuhlanyela ngenhlanyelo enhle lokuletha yonke into ngokohlobo lwayo. Yonke into kumele ilethe okohlobo lwayo. Zonke inhlanyelo Zakhe zazilungile, futhi-ke kufanele kulethe okohlobo lwakho. UNkulunkulu wathatha iminyaka eyinkulungwane eziyisithupha.

⁴¹ Ekucineni, lapho Esekwenzile konke, futhi ekucineni sa...ekucineni wafika lesigodlo sawo, somhlaba, endaweni enhle eyayisempumalanga kweEdeni, ethiwa isivande seEdeni. UNkulunkulu wenza isigodlo somhlaba esivandeni seEdeni,

eGibhithe, khona ekucineni kwempumalanga kwesivande kwakuyisigodlo.

⁴² Futhi laphezu kwesimo sonke, Wabeka indodana Yakhe lomkawendodana Yakhe, phezu kwakho konke. Kunjalo. Yikho lokho uNkulunkulu akwenzayo. Wababeka ukuba balawule ngokugcweleyo. Babesenelisa ukukhuluma lemimoya, futhi yayisima ukuvunguza. Babekhuluma esihlahleni, futhi sasisuka *lapha sisiya lapho*.

⁴³ Isilwane lempisi kwakusidla ndawonye, futhi iwundlu lalala phansi lazo. Kwakungelabubi. Kwakuyikuthula okupheleleyo, ukuvumelana okupheleleyo, yonke into ekuphelelisweni, futhi lapho uNkulunkulu elakho ngaphansi kokulawula Kwakhe. Futhi kwa . . . nanzelela, Waye elo—Waye lomhlaba Wakhe, Wayelakho konke kusebenza. Wayelakho konke kusiza. Yonke into isidla izimila; kungelalutho olufayo, kulengalutho olungabe lusonwa, kugelalutho olungabe luphanjaniswa. Kungelalutho . . . Kwakuphelele nje.

⁴⁴ Futhi ngaphezu kwakho konke, Wabeka abantwana Bakhe abathandekayo, indodana Yakhe lendodakazi Yakhe, indoda lomfazi, ukuba bayilawule.

⁴⁵ UNkulunkulu wayesuthisekile sibili! “Futhi Waphumula emisebenzini Yakhe yonke, ngosuku lwesikhombisa,” futhi waZingcweliselala lolusuku lwesikhombisa.

⁴⁶ Ngoba, uNkulunkulu wakukhangela konke, emva kokuba Eseleminyaka eyinkulungwane eziyisithupha ekuyibumbeni lokuyilungisa, ewenza usibakhona; futhi wabeka izintaba, futhi wenza izintabamlilo zifuqele izintaba phezulu, lezinto ezathatha indawo ekuqophukeni; wakuwomisa, futhi wakulungisa ngendlela Ayelakho. Futhi kwakuyindawo enhle.

⁴⁷ Kwakungelanto enjengakho, amaparadise amakhulu kaNkulunkulu! Lamadayinosi amakhulu, loba lani okunye, kunwabuzela phakathi kwawo, langezinyamazana ezinkulu; zingelakulimazana kuzo. Zazimnene njengomangoye omncinyane. Zazingelalutho lakancane; kungela—kungelamkhuhlane, kungelasizi; kungela ngitsho igcikwane elilodwa lesifo emhlabeni. O, indawo bani!

⁴⁸ Inyoni ezinkulu ziphapha kwesinye isihlahla kusiya kwesinye isihlahla, futhi uAdamu wayezibiza ngebizo, futhi zaziphaphela emahlombe akhe futhi—futhi zikhala kuye. Futhi, o, indawo emangalisa okunganani uNkulunkulu ayelayo!

⁴⁹ Futhi-ke wenza esinye sezifanekiso Zakhe eMzimbeni Wakhe uQobo. UNkulunkulu ulezifanekiso eMzimbeni Wakhe.

⁵⁰ Njengokuthi, uyisifanekiso sikababa wakho. Futhi, uyananzelela, wawukubabamkhulu kababamkhulu kababamkhulu wakho. Kodwa, kulokho, sithi, sizakwehlisa phansi kokunjengawe lobaba wakho. Manje, wawungazi lutho

lapho uphakathi kukababa wakho. Imbewana yempilo ivela kowesilisa. Owesilisa ulesicucucu segazi; umfazi ule—uleqanda; manje, ngakho-ke, isicucucu segazi silempilo phakathi kwaso. Futhi, khona-ke, lapho ukubaba wakho, impela awazanga lutho ngakho. Kodwa, kukanti, isayensi leLizwi likaNkulunkulu liyafakaza ukuthi wena wawukubaba wakho, kodwa awazanga lutho ngakho.

⁵¹ Kodwa-ke ubaba wafisa ukubakwazi. Futhi kanye lokuhlangana kokuxhumana lomama, khona-ke wazakaliswa kubaba. Manje, uysisifanekiso sikababa wakho. Ukhangeleka njengaye, futhi ulengxenyane zomzimba wakho ezikhangeleka njengobaba wakho.

⁵² Manje, yiyo indlela uNkulunkulu ayeyiyo ekuqaleni. Yonke indodana kaNkulunkulu futhi layo yonke indodakazi kaNkulunkulu yayikuNkulunkulu ekuqaleni. Awukukhumbuli khona khathesi, kodwa wawukhona. Wayekwazi. Futhi Wayekufuna ube njalo ukuze axhumane lawe, akhulume lawe, futhi akuthande, futhi axhawule izandla zakho.

⁵³ Kawufuni yini umfana wakho uqobo. . . Akusilo yini usuku olukhulu lapho umfana wakho engabuya ngekhaya futhi ahlale phansi etafuleni? Lapho ephenduka enkundleni yempi, kumbe enye into, elamanxeba, ukuthi uzalungisa kanjani ukudla, uyabulala ithole elinonileyo, kumbe loba kuyini okunye, futhi umlungiselele! Kuyinyama yakho uqobo legazi, futhi wayephakathi kwakho. Wawungakabimazi ngalesosikhathi lapho, kodwa wawukwazi ukuthi wayekhona.

⁵⁴ Futhi-ke uNkulunkulu wayekwazi ukuthi sizakuba lapha, kodwa lesosikhathi Wasibeka enyameni ukuze sibambeke. Ukuze Asibambe, Waba ngomunye wethu lapho Esiba nguJesu Khristu, iNdodana kaNkulunkulu Sibisakhe, ukugewala kokubonakaliswa kukaNkulunkulu. Ngakho-ke leyo kwakuyinjongo kaNkulunkulu, ukutshengisa izifanekiso Zakhe ebudlelwaneni.

⁵⁵ Lapho ngikubaba wami, ngangingazi lutho ngakho. Kodwa lapho ngisiba yindodana yakhe futhi ngazalwa ngaye, ngangiyisifanekiso, ingxenyane kababa wami. Futhi uyingxenyane kababa wakho.

⁵⁶ Futhi njengabantwana bakaNkulunkulu, siyingxenyane yesifanekiso sikaNkulunkulu esasiKuye, senziwa saba yinyama njengalokho Wenziwa waba yinyama, ukuze sibe lobudlelwano omunye lomunye, njengemuli kaNkulunkulu phezu komhlaba. Futhi leyo kwakuyinjongo kaNkulunkulu ekuqaleni. Yebo, mnumzana. Yikho lokho uNkulunkulu ayekufuna ekuqaleni.

⁵⁷ Wayelezinto zonke ngaphansi kukulawula kwakhe. Futhi Wabeka umuntu esivandeni seEdeni, enkulelekweni yokuzikhethela; athi, “Ndodana, kungokwakho.”

⁵⁸ Indawo enhle kangakanani! UNkulunkulu wayesuthisekile sibili, waze Wabuyela emuva nje futhi waphumula emisebenzini Yakhe yonke. Sonke isihlahla sasingatheli ameva lokhula. Kungelazithelo zeganga ezake zaphuma esihlahleni sameva. Yonke into yayiphelele. Inhlanyelo yonke yayiphelele. Yonke into yayisesimweni esipheleleyo.

⁵⁹ Khona-ke lapho Esiyaphumula kancane, isitha Sakhe sanyonyobela phakathi ngenkohliso, futhi sawuthumba, ngokuchasisa ngokungayisikho uhlelo Lwakhe ebantwaneni Bakhe. Lapho, Ebeka ithemba emntwaneni Wakhe uQobo; njengalapho ubeka ithemba endodakazini yakho lapho ephuma phandle ebusuku lendoda; lapho ubeka ithemba lakho endodaneni yakho lapho ehamba kanye lomfana onathayo kumbe umfana obhemayo. Bona, Wabeka ithemba endodaneni Yakhe, ukuthi wayengasoze enze into embi, futhi agcine iLizwi lonke Alitshoyo. Kodwa isitha sanyonyobela phakathi; njengomkhohlisi obutshelazi ozathatha indodakazi yakho ahambe layo futhi aziphathe kabi; kumbe—kumbe omunye umfazi ongathatha, aphume lendodana yakho, futhi lento efanayo. Bona, wanyonyobela phakathi. Isitha sikaNkulunkulu sanyonyobela phakathi futhi sachasisa ngokungayisikho iLizwi kuEva.

⁶⁰ Manje, yena, ngalokhu ukuwa, uthumbile futhi wathumba isivande seEdeni, sibisakhe. Wasithumba. Futhi manje usebe leminyaka eyinkulungwane eziyisithupha zokubusa kokukhohlisa; ekhohlisa abantu, abantwana bakaNkulunkulu, njengalokho akwenzayo ngalesosikhathi. Ngoba, babesekelwe enkulekweni yokuzikhethela, ukwenza loba ngayiphi indlela abafisa ngayo. Futhi ekholwa ukuthi bazakwenza kuhle, kumbe ethemba ukuthi bazakwenza kuhle, khona-ke babuye kanye lesenzo esingayisiso, futhi bathengisa ubuzibulo babo, njengalokho uEsawu akwenzayo, okomhlaba. Futhi uSathane wawunqoba, futhi wawuthatha. Futhi ubeleminyaka eyinkulungwane eziyisithupha ukwakha iEdeni lakhe, njengoNkulunkulu wabaleminyaka eyinkulungwane eziyisithupha ukuletha iEdeni Lakhe ekuvaleni. Futhi ngenkohliso, ukukhohlisa kweLizwi, kumbe abantu, manje wamisa iEdeni lakhe kulumhlaba, esonweni.

⁶¹ IEdeni likaNkulunkulu lamiswa ekulungeni. IEdeni likaSathane limiswe esonweni, ngoba uSathane yisono. UNkulunkulu yikulunga, futhi umbuso kaNkulunkulu wamiswa ekulungeni, lokuthula, leMpilo. Futhi isimiso sikaSathane sisesonweni, futhi isono senkolo.

⁶² Nanzelela ukuthi wakhohlisa njani, inkohliso yakhe, njengokutsho kwakhe ukuthi uzakwenza. Wathembisa ukukwenza lokhu. Ukhona okwaziyo lokho yini? Asivuleni kuIsaya, nxa lifuna eminye yaleyi iMibhalo. Nxa lina... Kufanele ngicaphune eminengi Yayoy, ngiyathemba. Asivuleni

kuIsaya isahluko 14, okwesikhatshana nje, futhi sibone lokho uSathane akutshoyo lapha, okwesikhatshana nje. KuIsaya 14, sizakuyibala, futhi khangela lokho lumfo akwenzayo. UIsaya 14, siqale ngendima 12.

Uwe njani uvela emazulwini, O Lusifa, ndodana yokusa! uqunyelwe njani emhlabathini, wena owawisela phansi izizwe!

Ngoba wena wathi enhliziyweni yakho, ngizakwenyukela emazulwini, ngizaphakamisa isihlalo sami ngaphezu kwezinkanyezi (lawo ngamadodana), izinkanyezi zikaNkulunkulu: futhi ngihlale entabeni yenhlangano . . . ohlangothini lwenyakatho:

Futhi ngizakwenyukela ngaphezu kwendawo eziphakemeyo emayezini; futhi ngizenze ngifanane loPhezukonke.

⁶³ Manje qathanisa lokho lapha kanye leminy eMibhalo yethu khona kwabaseThesalonika, isikhatshana esedluleyo, ukuthi wathi kanjani, “Uhlala ethempelini likaNkulunkulu, ezikhukhumeza phezu kwakho konke okuthiwa nguNkulunkulu, ukuze kuthi yena njengoNkulunkulu uyakhonzwa njengoNkulunkulu emhlabeni.”

⁶⁴ Nango unkulunkulu walumhlaba lowo engamtshumayela kini ngaye ngeSonto edluleyo. Nangu elapha lamuhla enkohlisweni, lelohola eliyingozi, lesosikhathi esimangalisayo esisiphilayo. Yisikhathi esiyinkazimulo kakhulu kuzo zonke izikhathi, ngoba sikhangelane leMileniyamu enkulu njalo; sikhangelane le-iEdeni njalo. Kodwa khona kulesisikhathi, ukukhohlisa konke lamaqhinga wonke ake wawasebenzisa futhi wenelisa ukukhohlisa ngawo, ukubuthanisile konke ndawonye futhi wazihlomisa; futhi wehla phansi njengoNkulunkulu, futhi wazifaka endaweni kaNkulunkulu; okwenkolo, futhi engacaphuna uMbhalo njalo engakutshela uMbhalo, njengalokho uSathane akwenzayo kuEva esivandeni saseEdeni. Kodwa tshiya phandle indawo eyodwa Yakho, yikho kuphela adinga ukukwenza, ukwenza umkhandlo lowo, lapho imfundiso kadeveli eyitshefu ingathululeka khona, njengeSefa yomuntu ocabangayo ebeseikhuluma ngayo ngobunye ubusuku.

⁶⁵ Manje, watsho ukuthi uzaziphakamisa sibusakhe ngaphezu koPhezukonke; uzakwenyuka ngaphezu kwamayezi lezinkanyezi, futhi uzahlala lapho njengoNkulunkulu, futhi abe ngaPhezu koPhezukonke. Futhi uphumelele ukuqhuba ukusongela kwakhe. Ubelokuphumelela okumangalisayo kakhulu ngokuqhuba ukusongela kwakhe, ngabantu bemvumela ukutshaya indiva, kuso sonke isikhathi, ukuqakatheka kweLizwi lesithembiso sikaNkulunkulu kulesosikhathi. Yikho kanye akwenze ngakho. Kuso sonke isikhathi, waKutshaya indiva.

⁶⁶ Ensukwini zikaNowa, wachasisa ukuthi kwakungenzeki ukuba line livela ezulwini, ngoba, “kakulazulu phezulu lapho.” Ivangeli lakhe elikhulu lesayensi alitshumayelayo esivandeni saseEdeni! Wayengadubulela izinto enyangeni futhi afakaze ukuthi akulabumanzi phezulu-le. Kodwa uNkulunkulu wathi kuzakuza izulu. Kodwa uSathane waphumelela, futhi wafaka itshefu engqondweni zabantu, ngokucubungula kwezesayensi, ukuthi, “kwakungeke kwenziwe.” Kodwa kwenziwa. UNkulunkulu wathi kuzakwenziwa, futhi kwenziwa. Wakwenza.

⁶⁷ Manje, ezinsukwini zika—zikaJesu, wenza into efanayo. Wafaka itshefu engqondweni zabo njalo ngokukhohlisa, bona, bechasisa ngokungayisikho iLizwi. “Nxa UyiNdodana kaNkulunkulu, manje mangikubone Usenza enye into ngakho.”

⁶⁸ UJesu akazange abe ngumahlekisa kuye. Akazange akwenze. UNkulunkulu akasuye umahlekisa. Akadingi ukuphendula loba yini uSathane ayibuzayo. Wayelakho kuphela... uJesu wathi, “Kulotshiwe, ‘Awuyikuphila... Umuntu kayi kuphila ngesinkwa kuphela, kodwa ngeLizwi lonke eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu.’” Bona, Wayengadingi ukuba ngumahlekisa, kuye. Wayengadingi ukwenza isinkwa. Wayengabe wakwenza, kodwa Wayezakuba elalele udeveli, ngakho Akazange adinge ukulalela udeveli.

⁶⁹ Futhi njalo kuyisono senkolo, njengasekuqaleni, ukukhohlisa kangako. Kukhangele manje. Akusisosono nje esidala esimsulwa sansuku zonke, ukufeba, lokudakwa, lokusebenzisa iBizo likaNkulunkulu ngeze. Lokho kayisikho. Hatshi.

⁷⁰ Liyakhumbula iminyaka eyadlulayo, inengi lenu lapha, abangabakudala, khumbulani leyontshumayelo engayitshumayelayo, ngokuthi, *UkuDaniswa EkwaHlulelweni*. Isifebe, asiyikudana lapho. Uyakwazi lapho aya khona. Isidakwa asiyikudaniswa lapho. Isidakwa, umgembuli, umqambimanga, isela, akayi kudaniswa. Kodwa, lowomuntu ocabanga ukuthi uqondile, nanko okulukudaniswa.

⁷¹ Nguye lowomfo, othi, oza athi, “Nkosi, angizange ngitshumayele iVangeli, angizange ngikhuphe odeveli, eBizweni Lakho?”

⁷² UJesu wathi, “Sukani lina... kiMi, lina benzi bokubi. Kangizange ngibelazi.” Nanko ukudaniswa, bona, lokho kukhohlisa.

⁷³ Yikho lokho engiqhubeka... yikho lapho engingazwisiswa khona. Akusikho ukuthi ngifuna ukwahluka. Angifuni ukwahluka, kodwa kumele ngithembeke. NgiloMbiko, futhi Lowo kumele uye ebantwini. Kukwenza kungaze kwazwisiseka kakhulu phakathi kwabantu. Bacabanga ukuthi ngimelana lomuntu wonke. Bayazi kuphela, ngingowomuntu wonke, futhi

ngizama ubungcono bami ukuba lethela lokho okuliQiniso, Kubekwa nje enhlizyweni yami langendlela oKubekwe ngayo eBhayibhilini lapha. Futhi uNkulunkulu uyakutshengisa lokho ukuba liQiniso, ngakho akula olunye ulutho olungenziwa ngakho. Ngakho, kungaba bayakhangela Kukho, kumbe kabasoze.

⁷⁴ Bona, kabafuni ukuKubona, ngoba sebevele bathengisa, bathengisa ubuzibulo babo kweyinye inhlanganiso, enye inhlanganiso yesonto; ukuzama ubuzibulo babo, ukufika eZulwini phezu kwesisekelo senye inkolo ehleliweyo, leyo uSathane ayinhloko yakho konke nje. UNkulunkulu kakaze abe lenkolo ehleliweyo, kakaze abelayo. Futhi bayathengisa kulokho, lapho aba, iqembu labantu, bechasisa iLizwi futhi bathi Lona litsho *lokhu* futhi Litsho *lokho*.

⁷⁵ UNkulunkulu kadingi umchasisi. Uyazenzela ukuchasisa Kwakhe uQobo. Kadingimuntu ukuthi Amtshele ukuthi Akwenze njani. Uyazibusa. Watsho ukuthi Uzakwenza njani, futhi yiyo indlela Okufanele agcine ngayo iLizwi Lakhe. Lapho Esithi, “Lezi izibonakaliso zizabalandela labo abakholwayo,” Wayesitsho nje khonalokho. Loba yini Akutshoyo ukuthi kuzathathindawo, Wathi kuzakwenzakala kulezi insuku zokucina, ukuthi Uzakwenza izinto ezithile, futhi Wazenza. Akadingi abuze umuntu loba sokuyikhathi kumbe hatshi. Uyakwazi ukuthi yisikhathi bani, lokuthi uhlelo luyini.

⁷⁶ Manje, uSathane, lumkhohlisi, njengokwatshiwo kuMathewu 24:24, ngenkohliso engako. Manje, siyathola ukuthi ngenhlelo zevangeli lakhe lolwazi, imfundo engcono, ukuziphatha okuphezulu, impucuko, lokunjalo, sokuthakathe abantu abafuna ukukhonza uNkulunkulu, ekukholweni amanga akhe.

⁷⁷ UEva wayengafuni ukwenza lokho, kodwa wamtshengisa ukuthi kwakulokuhlakanipha okunengi kanjani kikho. Wayengazi; wayefuna ukwazi. Wayengazwisisi, kodwa wayefuna ukuzwisisa. Futhi uNkulunkulu wamtshela ukuthi engazami ukuzwisisa.

⁷⁸ Ngingazwisisa kanjani lezi izinto? Angingeke ngizizwisise. Ngiyazikholwa. Akudingi ukuba ngizizwisise. UNkulunkulu lukholo, futhi hatshi ukuzwisisa. Siyakholwa nje lokho Akutshoyo.

⁷⁹ Manje, qathanisa iEdeni likaNkulunkulu kwelikaSathane manje, emva kweminyaka ezinkulungwane eziyisithupha zokuphambukisa ingcazelo yeqiniso yeLizwi likaNkulunkulu elathenjiswa esikhathini. Asikuqathaniseni manje, futhi sibone lapho esifika khona. Njengalokho akwenzayo ebandleni nge—ngesikhathi sikaKhristu, kuJesu, ezama ukuvimbela—ukuvimbela amadodana kaNkulunkulu athembekileyo ukwazi iQiniso. Lokho ngokukaNkulunkulu. UNkulunkulu wabeka

amadodana Akhe lapha, izifanekiso Zakhe, ukudlelana Laye ngokuzwa iLizwi Lakhe.

⁸⁰ Aluba ubaba wakho waktshela, futhi uyindodana ethembekileyo kubaba wakho, futhi waktshela, “Ndodana, ungangeni phakathi emanzini lawo phandle lapho, ubhukutsha, ngoba kulengwenya emanzini lawo”; futhi umfo aphenduke, athi, “Ngempela, amanzi amahle kangaka njengalawo, akula ngwenya kiwo”? Manje ngubani ozakumlalela? Nxa uyindodana eqotho, uzalalela ubaba wakho.

⁸¹ Futhi indodana eqotho kumbe indodakazi kaNkulunkulu ithatha iLizwi likaNkulunkulu kuqala. Kangilandaba lokho omunye umuntu akutshoyo ngakho, bathatha iLizwi likaNkulunkulu kuqala. “Kuletshefu enkomitshini,” futhi bayakukholwa.

⁸² Belokholo eLizwini Lakhe lonke, iNhlanyelo Yakhe, yaletha iEdeni lobungwele, uthando, leMpilo elaPhakade. Yikho lokho iEdeni likaNkulunkulu elakulethayo, ubungwele. Futhi kwaletsa iEdeni lobungwele, lothando, ukuzwisisa, ukuphelela, leMpilo elaPhakade. Yikho lokho uNkulunkulu akuhlanyelayo: ILizwi Lakhe, iNhlanyelo Yakhe. Yikho lokho iBandla Lakhe elizakuba yikho ekucineni; Lizakuba yinto efanayo.

⁸³ Nanzelela, nanku umcabango. Lingakukhohlwa. Ngizafika kikho ngesinye isikhathi kumbe omunye uMbiko othile. Kodwa, uyazi, uNkulunkulu wathi, “Makuthi inhlanyelo yonke iveze okohlobo lwayo.” Lowo ngumlayo kaNkulunkulu na? Manje usizani na loba uphi umtshumayeli, kumbe loba ngubani, ezama ukwenza lelo Lizwi litsho enye into? Bona, lonke iLizwi likaNkulunkulu liyiNhlanyelo. UJesu watsho njalo, “INhlanyelo umhlanyeli ayihlanyelayo.” Ngakho nxa uMakho 16 kuyiLizwi likaNkulunkulu, lizaveza okohlobo lwakho. Nxa uMalakhi 4 kuyiLizwi likaNkulunkulu, lizakuveza okohlobo lwakho. Futhi sonke esinye isithembiso kumele siveze okohlobo lwaso.

⁸⁴ Uyabona, bona uSathane phandle lapha ezifihlile? Uzama ukuthi, “Akunjalo, akukho njalo.” Liyakuzwisisa na? Bona, uSathane uthi, “O, Lokho akusikho okwalolusuku. Lokho, lokho—lokho. . . Lokho kwakungesinye isikhathi. Lokho, lokho kakutsho ngitsho lokho.”

⁸⁵ “Yonke inhlanyelo kumele iphumise okohlobo lwayo.” Yiyo indlela uNkulunkulu amisa ngayo iEdeni Lakhe. Kunjalo na?

⁸⁶ Futhi nanku lapha: Yiyo indlela uNkulunkulu amisa ngayo iBandla Lakhe, lonke iLizwi ngokohlobo Lwalo! “Umuntu akayi kuphila ngesinkwa kuphela, kodwa ngalo lonke iLizwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu.”

Bona? USathane, uzathatha enye into, kodwa uNkulunkulu wathi, “Yonke inhlanyelo ngokohlobo lwayo.”

⁸⁷ Nxa isithembiso sathi, “Lezi izibonakaliso zizakubalandela labo abakholwayo,” manje ibandla lithi, “Joyina ibandla. Landisa isivumankolo. Yazi ikhathekazi.”

Kakulazinto ezinjalo eBhayibhilini lonke.

⁸⁸ Kodwa uJesu wathi, “Lezi izibonakaliso zizakubalandela labo abakholwayo: eBizweni Lami bazaxotsha odeveli; bazakukhuluma ngendimi ezintsha; nxa bebamba inyoka, kumbe banathe izinto ezibulalayo, akuyi kubalimaza; nxa bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bazasila.” Ngubani ophikisa Lokho? Bona?

⁸⁹ “Yonke inhlanyelo izaveza okohlobo lwayo.” Nxa uyinhlanyelo kaNkulunkulu, isifanekiso, indodana kaNkulunkulu, khona-ke iLizwi likaNkulunkulu lihlanyelwe kuwe. Bona? Futhi-ke lapho usizwa iLizwi likaNkulunkulu, “Izimvu zami ziyezwa iLizwi Lami; owemzini kazimlandeli.” Liyakuthola? Khona-ke, “yonke inhlanyelo iphuma ngokohlobo lwayo.”

⁹⁰ Manje siyafumana, ukuthi yonke inhlanyelo eveza okohlobo lwayo, kwakungela kufa kwelitsha . . . kuleyo Edeni. Akusoze kube lokufa eEdeni elitsha. Bona, kwakungela, kungelalutho kuphela ubungwele, ubumsulwa, leMpilo elaPhakade.

⁹¹ Manje, ngokungakhulwa kulolonke iLizwi likaNkulunkulu, kulethe inhlanyelo yokungabilabungwele eEdeni likaSathane. Sesingena manje phakathi lapho uSathane athatha khona isihlalo sobukhosi, njengomphikukhristu, phakathi kwe—kweEdeni lomhlaba lowu, iEdeni yesono, inkolo ephambukiweyo. Yena kaqalanga ngokuthi, “Ngingu Sathane. Ngiyingilosi enkulu.” Hatshi, hatshi phezu kwalokho, kodwa phezu kokuphambukisa iLizwi likaNkulunkulu. Futhi yiyo indlela aletha ngayo umbuso wakhe, kuso sonke isikhathi. Futhi manje kulesi isikhathi esikhulu sokukhohlisa, uselungele ukuthatha isihlalo sakhe, ngabantu bakhe! Uzakhele sibisakhe i-Edeni elilenhlakanipho, efundileyo, yesayensi, kulungile, abatshumayeli bezesayensi, ibandla lesayensi, isayensi yenkolo, yonke into ngeyesayensi. Yonke into isesisekelweni solwazi. Ibandla lonke liyakiwe phezu kolwazi. Aliyakhwanga phezu kokholo.

⁹² Kwesinye isikhathi ngangena phakathi ukuyabamba umhlangano ebandleni lenye indoda. Kwakuyisakhiwo esikhulu entshonalanga. Indoda enhle, futhi wayephika lezi izinto esikhuluma ngazo. Kodwa kukanti, waye . . . ngamthanda; indoda enhle, indoda endala. Lapho ibandla lakhe liphuma . . . Lalihlala phose abantu abangaba zinkulungwane eziyisithupha. Lapho ibandla lakhe liphuma, enkonzweni yemini, phose abangamakhulu alitshumi lanhlanu, izikhaliphi ezigqoke kahle. Ngahlala lapho futhi ngabakhangela.

⁹³ Watshumayela intshumayelo enhle sibili, indoda yakwenza. Futhi-ke wabuza ukuba kwakukhona umuntu ofuna ukwamukela uKhristu; nje ukuthi baphakamise izandla zabo. Futhi akula owaphakamisa izandla zabo. Futhi ekucineni umfazi waphakamisa izandla zakhe. Wathi, “Kulungile, manje ungumKhristu,” futhi wamlungiselela ubhaphathizo. Futhi-ke lapho ephuma. . . Wabusisa ingane, waqabuza ingane encinyane futhi wayenzela umkhuleko, futhi waphumisa umbuthano.

⁹⁴ Lapho ibandla lakhe liphuma phandle, bonke abalungileyo, abefundo, abantu abafundileyo. Khona-ke ngangimile eceleni, ukuze ngixhawule isandla sendoda futhi ngimfisele umusa kaNkulunkulu, lapho ephuma phandle.

⁹⁵ Futhi lapho ngikwenza, nanko kusiza ixuku lami phakathi. Babengeke babavumele lapho ixuku lakhe lisasekhona. Nanko-ke kusiza abami, ezihlalweni ezilamasondo, inhlaka, abagqoke abamabhatshi enhlanya, abahlanyayo, labanye bonke. Bona umahluko? Yikho lokho. Yiyo into engikhuluma ngayo, bona. Bona, kuyinto eyahlukileyo.

⁹⁶ Lapho, ngolwazi lwesayensi ungenelisa ukwenza iVangeli *elizwisisekayo*, ukuthi, wena, “lowo okholwa kuJesu Khristu akayi kulahlwa,” bona.

⁹⁷ Kodwa, “Lezi izibonakaliso zizakubalandela labo abakholwayo,” bona, uyehluleka ukubeka Lokho phakathi lapho, bona. Wakholwa kuJesu Khristu, usindisiwe, nxa lezibonakaliso zilandela ikholwa.

⁹⁸ “Futhi lowo ozwayo iLizwi Lami,” hatshi ukufaniselela nje, hatshi uKulizwa ngezindlebe zakhe, kodwa, “aLizwisise.” Loba ngubani angaLizwa; iwule lingaLizwa futhi lihlale liliwule; bona, isidakwa singaLizwa; umqambimanga engalizwa futhi ahlale engumqambimanga. Kodwa, “Lowo ozwisisa iLizwi Lami, futhi akholwe Kuye oNgithumileyo, uleMpilo engapheliyo.” Nanko-ke, bona.

⁹⁹ Futhi akulamuntu ongakwenza lokho ngaphandle uNkulunkulu emmisele ngaphambili. UJesu wathi, “Akulamuntu ongeza Kimi, ngaphandle uBaba Wami amdonse, futhi konke uBaba Angiphe khona kuzakuba Kimi.” Ameni. Konke kuyikuzibusa lolwazi ngaphambili lukaNkulunkulu. Uphila yedwa futhi akulamuntu ongaMtshela ukuthi enzeni.

¹⁰⁰ Manje, ngokungakhohla, phakathi kokungathathi iLizwi lonke likaNkulunkulu, kulethe inhlanyelo yokungakhohla, ukungabingewe, ukugcwala isono, inzondo, lokufa okulaPhakade kukulesi esigcwele isono, isikhathi sebandla esikhaliiphileyo. Manje likutholile na? Kulolusuku, ukuthi lapho umhlaba wonke ungowenkolo! Belikwazi lokho na? Umhlaba wonke ngowenkolo. Futhi kulesi isikhathi senkolo, amabandla amakhulu kulolonke ikhona; yonke into, yonke into iphelela kuSathane ekhonzwa. Nanku lapha, khona lapha eBhayibhilini.

